## IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***04/2014 Intshumayelo ngesonto 04 esikhathini seAdvente, ngomhla 22. 12. 2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 31/34

2. **Umkhuleko:** Mhubeleni uJehova igama elisha, ngokuba wenze izimangaliso; esokunene sakhe nengalo yakhe engcwele kumtholele ukunqoba. UJehova wazisile insindiso yakhe; ukulunga kwakhe ukwambulile emehlweni abezizwe. Ukhumbulile umusa wakhe nokuthembeka kwakhe kuyo indlu kaIsrayeli, imikhawulo yonke yomhlaba ibonile insindiso kaNkulunkulu wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabseFilipi 4:4-7;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Luka 1:39-56.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 37/40

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kuIsaya 52:7-10, lithi: "Zimnandi kangakanani ezintabeni izinyawo zoletha izindaba ezinhle, nomemezela ukuthula, obika izindaba ezinhle, ezwakalise ukusindiswa, oshoyo kulo iSiyoni ukuthi: UNkulunkulu wakho uyiNkosi. Izwi labalindi bakho, bayaliphakamisa izwi, bajabule kanyekanye, ngokuba bayakubona iso neso, lapho uJehova ebuyela eSiyoni. Qhumukani ngokuhlabelela, nihlabelele kanyekanye, nina-zindawo ezichithekileyo zaseJerusalema, ngokuba uJehova ubaduduzile abantu bakhe, ulihlengile iJerusalema. UJehova wambulile ingalo yakhe engcwele emehlweni ezizwe zonke, namajukujuku onke omhlaba ayakubona insindiso kaNkulunkulu wethu." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, sisemasontweni esikhathi seAdvente, okuyisikhathi esikhumbula ngaso ukufika kweNkosi yethu uJesu Kristu. Namuhla-ke sekuyisonto lokugcina esikhathini lesi seAdvente, ngokwesithathu sesiyagubha umkhosi omkhulu wokukhumbula ukuzalwa koMsindisi wethu uJesu Kristu.

Yebo, bandla, amazwi entshumayelo yethu yanamuhla siwafumana ngomlomo womprofethi uIsaya lapho ebekade ememezela isijeziso sikaNkulunkulu phezu kwesizwe sakwaJuda ngenxa yokuhlubuka kwaso kuJehova uNkulunkulu, ukuthi isizwe siyakuthunjelwa eBabele. Bathandekayo, umprofethi akagcini lapho, kodwa siyamuzwa futhi eshumayela kuso isizwe, ememezela izindaba ezinhle nezimnandi, ememezela kuso ukuthula, ezwakalisa kuso ukusindiswa ukuthi uNkulunkulu uyakusihlenga isizwe sakhe esandleni sabaseBabele, asibuyisele futhi ekhaya. Ngakho-ke izwi elikhulu lithi: **Qhumukani ngokuhlabelela, nihlabelele kanyekanye!**

1. Ngokuba uJehova uhlengile abantu bakhe.

2. Ngokuba uJehova wambulile insindiso yakhe emehlweni ezizwe zonke.

1. Qhumukani ngokuhlabelela, nihlabelele kanyekanye, **ngokuba uJehova uhlengile abantu bakhe.** Bandla elithandekayo, sesizwile kuso isingeniso sentshumayelo yethu yanamuhla ukuthi isizwe sakwaJuda sasijeziswa nguNkulunkulu ngenxa yokuhlubuka kwaso kuye. Ngenxa yalokho uIsaya wamemezela ukuthi sizothunjwa eBabele. Kwakungasekho ithemba lokuthi bazophunyuka kulesisijeziso, babuye bahlengwe esandleni sezitha zabo.

Bandla, amazwi etekisi lethu lanamuhla akhomba injabulo emva kokukhala; akhomba induduzo emva kwenhlupheko, athi: “Zimnandi kangakanani ezintabeni izinyawo zoletha izindaba ezinhle, nomemezela ukuthula, obika izindaba ezinhle, ezwakalise ukusindiswa, oshoyo kulo iSiyoni ukuthi: UNkulunkulu wakho uyiNkosi.”

Yebo, bathandekayo, uNkulunkulu wethu uyiNkosi, akehlulwa lutho. Nanxa ithemba laseliphelile kubo abathunjiweyo, bangasaboni ukuthi bayakubuyela ekhaya, nokho uNkulunkulu wabakhumbula abantu bakhe, wabuye wabahlenga esandleni sezitha zabo, wababuyisela ekhaya eJerusalema, njengalokhu uMhlabeleli esho encwadini yamaHubo ukuthi: “Lapho uJehova abuyisa ukuthunjwa kweSiyoni, sasinjengabaphuphayo. Umlomo wethu wawusugcwala ukuhleka, nolimi lwethu ukuhuba; bathi phakathi kwabezizwe: UJehova ubenzele izinto ezinkulu. UJehova usenzele izinto ezinkulu, sajabula.”

Bafowethu, bodadewethu, lelizwi liqondene kithi namuhla. Nathi sithunjiwe yisitha sethu uSathane. Usithumbele eBabele lesono nelokufa. Kodwa nathi masizwe nanka amazwi ajabulisayo emva kokukhala. Nanka amazwi aduduzayo emva kwenhlupheko. UNkulunkulu

wethu uyiNkosi; akehlulwa lutho. Usihawukele thina-bantu bakhe esithunjiwe nguSathane. Wasithumela uMhlengi onguye, iNdodana yakhe uJesu Kristu. Wazalwa eBethlehema ukuba asihlenge emandleni kaSathane, nasebugqileni besono, nobokufa, nasekubhujisweni kwapakade, asibuyisele kuNkulunkulu ekhaya laphakade ezulwini. Ngakho-ke nathi masiqhumuke ngokuhlabelela, sihlabelele kanye kanye, ngokuba uJehova usiduduzile, usihlengile thina-bantu bakhe ngayo iNdodana yakhe uJesu Kristu. Asizwe nezwi lesibili elithi:

2. Qhumukani ngokuhlabelela, nihlabelele kanyekanye, **ngokuba uJehova wambulile insindiso yakhe emehlweni ezizwe zonke.** Bathandekayo eNkosini, sesizwile ukuthi uNkulunkulu wasikhumbula isizwe sakhe ekuthunjweni eBabele, wasihlenga esandleni sezitha zaso. Kanjalo nanamuhla uNkulunkulu uyabakhumbula abantu bakhe abasemajukujukwini onke omhlaba, ubabonisile insindiso yakhe ngokubathumela emhlabeni uMhlengi onguye ukuba bahlengwe ngokuyikho. Okusho ukuthi uMsindisi lo ozelwe eBethlehema akasiye uMhlengi noMsindisi wabaJuda kuphela, kodwa unguMhlengi noMsindisi wezizwe zonke, wabantu bonke bezikhathi zonke, unjengokusho komprofethi kuwo amazwi entshumayelo yethu yanamuhla ukuthi: "UJehova wambulile ingalo yakhe engcwele emehlweni ezizwe zonke, namajukujuku onke omhlaba ayakubona insindiso kaNkulunkulu wethu."

Bathandekayo, ngokokugcina-ke, nathi namuhla masijabule, siphakamise amaphimbo ethu, sihlabelele kanyekanye, ngokuba uJehova usihlengile thina-bantu bakhe, ngokuba uJehova wambulile insindiso yakhe emehlweni ezizwe zonke. Ake siye sitshele bonke lesisimemezelo esihle!

UNkulunkulu uBaba wethu osezulwini makasisize thina sonke ukuba sibe-yibo abamemezelayo lezizindaba ezinhle, sibe-yibo abezwakalisayo ukuthula ezizweni zonke, ukuze bonke abasemajukujukwini onke omhlaba bezwe ngensindiso, badonselwe kuye uMhlengi wezizwe zonke, uJesu Kristu uMsindisi wethu, yena owafa, wavuka ngenxa yethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga, ngokuba wasibona ekuthunjweni kwethu nguSatahne, wasithumela uMhlengi onguye, iNdodana yakho uJesu Kristu, ukuba asihlenge ezonweni, nasekufeni, nasemandleni kaSathane, ukuba sibuyiselwe kuwe. Nkosi Jesu Kristu, siyabona ukuthi useza kithi nanamuhla ngezwi lakho nangamasakreamnte akho angcwele, uyasipha ukuthethelelwa kwezono. Nkosi, siphe uMoya wakho oNgcwele, ukuba lensindiso osilungisele yona siyidlulisele nakwabanye abasahlezi

ebumnyameni, ukuba izizwe zonke ezisemajukujukwini onke omhlaba zizwe ngawe, zibizelwe ekuphendukeni nasembhapathizweni, nasentethelelweni yezono egameni lakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 33/36

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995 ngu-F. J. Mtshali, yathunywa nango-2002, nango-2007.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.